**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KUKAJUNI 2017**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA – IPHEPHA LOKUQALA(P 1)**

**IBANGA LESHUMI (GRADE 10)**

**ISIKHATHI : 2 Amahora** **AMAMAKI :80**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO.**

- Funda lonke iphepha ngaphambi kokuphendula.
- Phendula yonke imibuzo.
- Fundisisa imiyalelo yombuzo ngamunye uyilandele njengoba injalo.
- Phendula ngolimi lwesiZulu.
- Bhala upelomagama olufanele.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

**ISIQEPHU A : UKUFUNDA NOKUQONDISISA**

1.1. Fundisisa isiqephu ngezansi bese uphendula imibuzo elandelayo **ngemisho ephelele.**

**IMPILO KANASTY C**

UNsikayesizwe David Ngcobo owaziwa ngelikaNasty C kwezomculo, wazalwa mhla zi-11 KuNhlolanja ( February) kowe – 1997 ezalelwa eThekwini.Ubuye aziwe abalandeli bakhe ngelika " Jiggy Jigga ". Ungumqambi , umculi kanye nophrojusa womculo weHip hop.

Udume ngesingili ethi 'way it go' eqoshwe udj Switch okuvela kuyo uTumi noYoungsta. Ubuye washisa izikhotha ngengoma ayixube kusingili yakhe iJuice Back okuvela kuyo uCasper Nyovest.Ube ngomncane kunabo bonke ukuthola umklomelo weBest Freshman kumaSouth African Hip Hop awards ehlula uMitchells Plains Youngster ngo 2015.

Waqala lo mculo werap eneminyaka eyisishiyagalolunye, intshisekelo yakhe ayeyithole kumfowabo omdala owayenguphrojusa ngaleso sikhathi.Ngokuhamba kwesikhathi wathuthukisa ikhono lokuphrojusa waqala wacula ngesigqi ayesenza. Ube esesayiniswa yinkampani yaseThekwini iFree World Music.Igama lasesiteji uNasty C waliphiwa uphrojusa aqala ukusebenza naye. Abantu abayizibonelo kuyena nalandela ezinyathelweni zabo abarephi baseNingizimu Afrika o- AKA, uKhuli Chana no Reason.Uthi ubathandela indlela abaqotho ngayo emsebenzini wabo.

Iphupho lakhe lafezeka ngesikhathi ehlangana no-AKA ezombhulela amazolo ethula i-albhamu yakhe.( u- AKA ) I-Altar Ego. Ukucula kuDurban Festival eshiyelana inkundla no- AKA kwaba yingqophamlando empilweni yakhe.

UNasty C ukhiphe i- One Kid A thousand Coffins zi – 24 kuMeyi kowe-2013 kwathi I L.A.M.E. ( extended play version) wayikhipha mhla zi- 21 ku-Ephreli

kowe- 2014. Isifinyezo L.A.M.E. simele ukuthi , phecelezi, ' Levitating over my enemies'. UNasty C ukhiphe iPrice City mhla zi-10 kuFebhruwari kowezi- 2015 okuwusuku lokuzalwa kukamama wakhe ongasekho nosuku olwalwandulela(come before) usuku lwakhe lokuzalwa nokuqeda iminyaka eyi -18.NgoJanuwari kowezi 2016 ukhombise ukudlondlobala ngemihlabahloso u'Jump' nevidiyo eyisingili exutshwe kabusha I'Juice Back'

Kusekukhulu okusangalindelwa kulesi sihlabani sebhungu.

**Icashunwe kuWilkipedia yahunyushwa umhloli wephepha.**

1.1.1. Ubani igama nesibongo sebhungu okukhulunywa ngalo esiqeshini? (2)
1.1.2. Kwezomculo ubizwa ngaliphi igama lo ombhale ku 1.1.1.? (1)
1.1.3. Lidume ngaluphi uhlobo lomculo leli bhungu? (1)
1.1.4. Wenza kuphi **okuthathu** okuphathelene nomculo adume ngawo owesilisa okubhalwe ngaye esiqeshini? (3)

1.1.5. Sithini isihloko sengoma eyisingili eyaba nedumela yalo mculi okukhulunywa ngaye? (1)
1.1.6. Yini eyenza uNasty C abe ngovelele ngo -2015? (1)
1.1.7. Uma uNasty ebeneminyaka eyi- 18 ngonyaka wezi – 2016 kusho ukuthi wazalwa ngamuphi unyaka? Kukhombise lokhu ngesibalo. (3)
1.1.8. Caphuna igama/ isigejana samagama esiqeshini esichaza okufanayo nalokhu okulandelayo usibhale phansi:

1.1.8.1.Ukuduma kwengoma kakhulu. (2)

1.1.8.2. Ukuba nokukhuthala nothando lokwenza okuthile. (2)

1.1.9.Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **yiphutha**

1.1.9.1.Umama kaNasty C usaphila. (1)

1.1.9.2 UNasty C uneminyaka eyishumi nesishiyagalolunye kulo nyaka (1)


1.1.9.3.Kubo kaNasty C kukuphrovinsi yaseMpumalanga Koloni.

1.1.10.Isiqubulo esithi " Levitating over my enemies" sihunyushwa ngesiZulu

Kuthiwe:

A. Ngizokuba ngaphezulu kwezitha zami.
B. Zizonginqoba izitha zami.
C. Ngizobalekelela abathandiweyo bami. (2)

1.2. Bukisisa isikhangiso esingezanzi bese uphendula imibuzo ngaso **ngemisho ephelele.**




1.2.1. Kungani amagama athi KWAQEDUSIZI ebhalwe ngokugqamile ? (1)

1.2.2. Ibiza malini iyunithi ngeminithi kwaQedusizi? (1)

1.2.3.Kulesi sikhangiso akucwaswa muntu, ngokomzimba ibala nokunye. uyavuma noma uyaphika ? Sekela impendulo yakho. (3)

1.2.4.Bhala phansi isiqubulo( slogan) esikhona kulesi sikhangiso. (1)

1.2.5.Yiziphi izindlela ezimbili umuntu angabathola ngazo abakwaQedusizi? (2)

1.2.6.Ungakhokha malini isiyonke uma uzothenga **ubhanana ombili Kanye**

**nesigaxa seklabishi esisodwa.** (2)

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

2. Fundisisa isiqeshana esilandelayo esikhuluma ngezimpawu zokuzithanda nokungazithandi bese usifingqa ngamagama akho abe phakathi kwangama – 50 nanga -60

**QAPHELA:**

1. Bhala izinombolo 1 kuya ku7.
2. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
3. Sebenzisa amagama akho.
4. Bhala inani lamagama owabhalile esewonke ekupheleni kwamaphuzu.

### IZIMPAWU ZOKUZITHANDA NEZOKUNGAZITHANDI

Emhlabeni wonke jikelele abantu bonke balangazelela ukuthandwa.Uye uzibuze nokho ukuthi, " Ingabe abantu bayazithanda yini bona siqu?

Ziningi izindlela umuntu angakhombisa ngazo ukuzithanda .Uma uzithanda wena qobo nalabo abakuzungezile bazokuthanda.Umuntu angakukhombisa ukuzithanda ngezindlela eziningi.Umuntu ozithandayo angasebenzisa ulimi lwakhe ngeqholo (pride) angazenyezi ngalo noma sekuthiwani . Lowo ongazithandi uyalutshekisa ulimi lwakhe azenze ongalwazi ngoba ebuswa yimicabango yokuthi lokho kusho ukuhamba phambili.Ukusebenzisa ulimi olunenhlonipho nakho kusho ukuzithanda kanti lowo ongazithandi usebenzisa ulimi olungcolile noluhlambalazayo ngenxa yokuthi yena siqu uzizwa engcolile futhi elulazekile.

Umuntu ozithandayo ugqoka izingubo ezihambisana nobuyena , izinga lokukhula kwakhe ngeminyaka kanye nezinkolelo aphila ngaphansi kwazo.Uma uzithanda awuzami ukulingisa usibanibani odumile ngalokho

okugqokayo.Ugqoka lokho okuhambisana nokuma komzimba wakho nokukwenza uzethembe.Baningi abantu abasha nabadala abangena kulolu gibe lwemfashini agcine ezikhohliwe ukuthi ungubani.

Ukulungisa izinwele nakho kungakukhomba ukuzithanda ngokobuhlanga (race) bakho.Abantu bake badume nezitayela eziqhelelene nezinwele zabo zemvelo.Owomdalo wase-Afrika ozithandayo ulungisa izinwele zakhe,aphothe impithi (dreadlocks) noma akame ishluthu sakhe sezinwele ezisongene.Akazihluphi ngokuxhuma izinwele ezingamashoba zokwethekelwa.Owomdabu waseNtshonalanga yena uma ezithanda ulungisa izinwele zakhe zemvelo akachithi isikhathi eside nsuku zonke eshisa izinwele ngensimbi evutha bhe ukuze ziqonde thwi zingasongani nakancu!

Ukuthanda ibala esazalwa nalo kusho ukuthi siyazithanda asizenyezi ngalo.Abangazithandi babonakala ngokuthi uma bezelwe nebala elimhlophe bazithosa ngelanga baze bathothombale (tan) ngoba becabanga ukuthi kuhle.Abansundu nabamnyama okuzothile bona bazishisa ngemithi yokukhanyisa ibala nakhu phela wonke umuntu ufuna ukuba uphumalangasikothe okuthiwa ama 'yellow bones'. Uma uzithanda uyoqhubeka uzithande uyindoni yamanzi yentombi noma uwumsimbithi wensizwa.

Kuhle ukuzithanda bakwethu singadumi nehlombe lezimfashini.Ukuzithanda kusho ukuqonda ukuthi uma sehlukile kwabanye yilapho okugqama khona ubuhle bethu njengoba uMvelingqangi (uNkulunkulu) ayesidalile.

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B :10**

## <u>ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI</u>

3.Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.




3.1. Tomula ibizoqho elikule khathuni ulibhale phansi. (1)

3.2. Bheka ibizo elisesigabeni 1 kukhathuni bese ulisebenzisa emshweni wakho ongahambisani nekhathuni. (2)

3.3. Bhala igama elinomqondo ophikisa elidwetshelwe emshweni olandelayo:

Mina sengikhathele ukubhuquza ekhaya **<u>imini</u>** yonke. (1)

3.4. Guqula lo musho olandelayo ukhombe ubuningi:

**Ngubani ongaqasha umuntu oseqedwe utshwala ngale ndlela.** (2)

3.5. Nciphisa igama elidwetshelwe kulo musho olandelayo bese ubhala umusho ozakhele wona.

**<u>Isisu</u>** sikaMasaka siyamsinda yingakho ehleli phansi. (2)

3.5. Nciphisa igama elidwetshelwe kulo musho olandelayo bese ubhala umusho ozakhele wona.

<u>**Isisu**</u> sikaMasaka siyamsinda yingakho ehleli phansi. (2)

3.6. Sisho ukuthini lesi simo sokukhuluma:

**Ukubhuquza ekhaya** (2)

**[10]**

4. Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Umnumzane Biyela uthe abantu bakwaMbonambi angeke besahamba ibanga elide beyothenga eRichards Bay ngoba sekuzokwakhiwa izitolo eziningi ndawonye.Ukwakhiwa kwezitolo kule ndawo kulindeleke ukuthi kuxoshe nekati eziko emindenini eminingi engaphansi kukaMasipala**

**Kunabantu basendaweni yakwaMthethwa ababengasebenzi, asebeqale ukuzitholela amatohwana.Phakathi kwamabhizinisi azokuba lapha kukhona nendawo yokulala nedayisa izingubo ezahlukahlukene. Kubuye kwadalulwa nokuthi kukhona nenye indawo abasanda kuyithenga ephakathi kwakwaMbonambi neRichards Bay okuzokwakhiwa kuyo izimboni ukuze kuphinde kuqashwe ezinye izakhamizi zakule ndawo.**

**Kuvezwe ukuthi iningi labantu bakule ndawo alisebenzi.Yingakho isibalo sabantu abanegciwane lesandulela ngculazi sisikhulu kangaka.Abambalwa abasebenzayo basuke bebambe amatoho emapulazini , ezingadini noma behlahla izimoba.Bambalwa abantu abasebenza kwaMondi, KwaSappi nako RBM okungezinye zezimboni ezinkulu kule ndawo.**

4.1. Esiqeshini osifunde ngenhla khipha amagama asho okufanayo namabinzana adwetshelwe kule misho elandelayo.

4.1.1. Abantu abaningi sebezozitholela <u>umsebenzi wesikhashana.</u> (2)

4.1.2. Abantu abazothola umsebenzi yilabo <u>abakhe kuyo le ndawo.</u> (2)

4.2. Tomula igama eliyisiphawulo esiqeshini esingenhla bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona ongahambisani nesiqephu. (2)

4.3. Khetha impendulo efanele kubakaki uyibhale phansi:
**Ikati lilala eziko** kusho ukuthi ( alinayo indawo yokulala, ukudla akukho, liyagodola ikati) (1)

4.4. Igama elithi **imeya** lisuselwa olimini ( lwesiBhunu, lwesiXhosa, lwesiNgisi) (1)

4.5. Gcwalisa umusho ongezansi ngezivumelwano ezifanele.
Bhala umusho wonke bese uzidwebela izivumelwano.

Abantu .....dala bakwaMbonambi baya....hlonipha uMnumzane uBiyela. (1)

**[10]**

5. Sebenzisa la magama **emishweni emibili** eyahlukene lilinye ukuze kuvele izincazelo zawo ezingefani.

Isibonelo: abafana – **Abafana** bavuka ekuseni baye ekwaluseni.

Khiphani **abafana** sizivikele nakhu izulu selihloma sengathi lizoduma kabi.

5.1. inyanga (2)

5.2. ithanga (2)

5.3. amabele (2)

**[6]**

6. Bhala igama elilodwa elisho okufanayo namagama abhalwe ngokugqamile emishweni elandelayo.Bhala igama **KUPHELA.**

Isibonelo: UThando wakhula etetema kwazise **uyena yedwa ingane kubo.**

Impendulo: uzinyobulala

6.1.UZodwa noZanele **yizingane ezazalwa kanyekanye.** (1)

6.2. **Akaboni emehlweni** uSteve Kekana. (1)

6.3.Mina ngakhulela kubo kamama ngithanda **umfowabo kamama** kakhulu. (1)

6.4.Mina ngazalwa esashona kudala **ubaba kababa.** (1)

6.5. **Inkukhu yesifazane** ifukamele amaqanda ayo amaningi. (1)

**[5]**

7.Abakwabani abantu abathakazelwa kuthiwe:

7.1. Khabazela (1)

7.2. Macingwane (1)

7.3. Mapholoba (1)

7.4. Mntungwa (1)

**[4]**

8.Qondanisa lezi zisho eziku A nezincazelo zazo kuB.

Bhala inombolo nohlamvu oluqondene nempendulo okuyiyonayona.

| A | B |
| --- | --- |
| 8.1.Ukulala obenyoni | A.ugula kakhulu |
| 8.2. Ukubeka izandla | B. ukweluleka ngokuqinile. |
| 8.3. Kwembulwa kwembeswa | C. Ukulala unovalo. |
| 8.4. Ukubamba ithambo | D. Ukuthandazela. |
| 8.5. Ukudonsa ngendlebe | E.Ukuxhawula. |

**[5]**

**ISAMBA SESIQEPHU C : 40**

**ISAMBA SEPHEPHA SELILONKE : 80**